# ABAKWA-SARS BEMUKELE U-KIESWETTER NJENGOKHOMISHANA OMUSHA,

**PRETORIA, ngoLwesithathu mhla lu-1 kuNhlaba 2019 -** Namuhla, u-Edward Kieswetter uqala indima njengoKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika.

Siyamemukela u-Kieswetter futhi sizimisele ukusebenzisana naye ekwakheni kabusha i-SARS.

Njengendlela yokugcina ukubusa okusha kanjalo nezinqubomgomo ezifanele, uKhomishana udalule ngokuphelele konke akwenzayo ngaphandle kwesikhungo kanjalo nokubandakanyeka kwakhe ezinhlanganweni ezahlukene.

U-Kieswetter useqalile nokubuyekeza iphothifoliyo yezinto azenzayo wabe esethumela incwadi yokusula kwakhe esikhundleni njenge-Lead Independent Director yakwa-Shoprite.

Kudala uke wasula kumabhodi e-African Unity and GEMS Education, Africa.

Ngaphandle kotshalomali lwakhe siqu, ukubandakanyeka kwakhe kubandakanya ukuba umqondisi ku-Transnet and Technology Innovation Agency, womabili okungamabhizinisi kahulumeni.

UMnu. Kieswetter uthe uzinikele ekusingatheni izindaba zakhe ngendlela ezokwenza umphakathi umethembe.